# UNdumi ufuna ukupenda



Zenzele Mazibuko



Umama kaNdumi usendaweni yokupenda.

Ubukeka ematasa.

UNdumi ubona opende etafuleni.

UNdumi uyagaqa. Uqonda etafuleni.

Akafuneki endaweni yokupenda. Akafuni umama ambone.





UNdumi ufika eduze netafula.

Uyasukuma ubuka opende.

UNdumi uvula upende obomvu.

Ufaka ucikicane kuwo.

Ucikicane kaNdumi unopende obomvu!



"Owani umsindo?"

Umama uyaqalaza.

Ubona ucikicane kaNdumi.

"Igazi, ndodana yami?" kubuza umama, esaba.





“Akulona igazi. Upende, Mama!” uNdumi uyamoyizela.

Umama usondela etafuleni. Ubuka uNdumi, naye uyamoyizela.

“Woza uzopenda nami,” umama ubiza uNdumi.

Unikeza uNdumi imibalabala yopende.

Umnikeza iphepha lokupenda.

UNdumi nomama bayapenda. Bobabili bajabulile.

